



Ngu: John Neen

Uma isimoba sakho singena-kuhlahleka – (umoba umfishane ungaphansi kuka 50cm)

Futhi kunobungozi be Eldana

- Ungawushayeli phansi – linda izimvula
- Kodwa, qapha I Eldana ngokucophelela okukhulu
- Uma isihlava sidlondlobala, wushayele phansi uwususe ensimini
- Uma unokungabaza ngobukhona be Eldana, xhumana nabakwa P&D bazokusiza.

Qaphela loku

Ukushayela umoba phansi

- Makwenziwe ngezandla hayi ngemishini ngoba imishini idlavaza futhi isabalalise iziqu okungaholela ekungeneni kwezifo nezinzambuzane futhi kungandisa noma kusabalalise isifo uMbasha (RSD).

Ukufa kwesixhanti

- Uma kunezixhanti ezifile, gcwalisela amasimu amahlumela asamasha kuphela
- Yeka amahlumela amadala ungagcwaliseli kuwo, linda isikhathi sokuwatshala kabusha.

Ukhula

- Gcina amasimu engenakhula ngasonke isikhathi – ukhula luqeda umswakamo nomsoco wesitshalo.

Izinhlobo zomoba

- Kunezinhlobo zomoba ezikwaziyo ukululama kangcono kunezinye uma bezishaywe isomiso, buka kulelithwebula elingezansi.

Isomiso esihlasele kulesikhathi sesikhahlemeze umoba ngendlela ethusayo njengoba abanye abalimi sebelahlekelwe isivuno esilinganiselwa emaphesentini angamashumi amane. Loku sekuphinde futhi kwaholela ekutheni izigayo noma imishini isheshe ivale kunesikhathi esejwayelekile

Njengomlimi, kubalulekile ukwazi ukuthi umoba oshaywe isomiso kumele uwuphathe kanjazi ukuze ungagcini usulahlekelwa yiko konke.

Okubalulekile okumele ukwazi yiloku:

- Ngokujwayelekile, isomiso siholela ekufeni kwezingoqo zomoba hayi isixhanti.
- Wonke umoba okhandlekile ongahlahleka, kumele ufakwe esigayweni ngaleyosizini.
- Inhloso enkulu ngaloku ukuzusa isivuno sakho ngayoyonke indlela okungenzeka ngayo kodwa futhi ngesikhathi esifanayo kuvikeleke izimpande ukuze umoba uphinde uhlume.

Yini ongayenza noma okumele uyenze?

- Hlola onke amasimu ahlaselwe noma ashaywe isomiso
- Bona ukuthi umoba othikamezekile ungahlahleka yini uye esigayweni
- Uma ubude bogoqo lomoba lufinyelela ku-50cm nangaphezulu ngobude (15-25tc/ha), ungawuhlahla uwuyise esigayweni - izindleko zokugawula, ukuthutha kanye nezokunakakela ihlumela zingakhokheleka kulesivuno

• Susa itashi emobeni uma uhlahla ngaphambi kokuba uwuyise esigayweni – loku kunyusa izinga lobuhle bomoba futhi kushiye insimu imbozeke kahle.

- Kodwa qaphela ukuthi ungathumeli umoba emshinini onobuhle obusemazingeni aphantsi kakhulu
- Umoba owome kakhulu onama lunga ashwabene, onobubomvu ngaphakathi futhi onephunga lotshwala, akunanzuzo ukuwugawula uwuthuthe. Nabesigayo angeke bawumukela.

• Lahla izingoqo ezilula ungaziyisi emshinini.

Uma isihlava i Eldana sinobungozi:

- Shisa umoba
- Gawulela maphansi kahle
- Thumela umoba emshinini ngokushe-sha
- Ungashiyi iziqu noma izingoqo ensimini – leziqundo zingaba nesihlava esingahlasela ihlumela lakho.

Uhlelo lokuhlahla ongalulandela:

Hlahla umoba ohlaselwe isomiso ngokulandela Loluhlelo:

1. Qala ngesimoba esinesihlava I eldana.
2. Landelisa ngesimoba esisendaweni enomhlabathi ongajulile (umoba ukhandleka kalula kulesimo, ungahlaselwa I Eldana kalula futhi ungonakala ngokushesha).
3. Uphinde ulandelise ngamasimu abheke eNyakatho naseNtshonalanga (lezindawo ziyashisa).

4. Bese uza ngalawomasimu asemacele-ni entabeni (kunomswakamo okhonyana kulezindawo).

5. Ugcine ngalawo asemfundeni (lezindawo phela zinomswakamo awusheshe uzwele umoba kuzo uma kunesomiso).

Uma isimoba sakho singena-kuhlahleka – (umoba umfishane ungaphansi kuka 50cm)

Futhi kungenabungozi be Eldana

- Uyeke lomoba ungawuhlahli
- Ungawushayeli phansi, linda izimvula (ukuwugawula kungaholela ekufeni kwesixhanti uma isomiso siqhubeka)
- Uma umoba uxhanta emva kwezimvula, wugawulele phansi bese uyawuhlakulela uwufake nesikhuthaza).

Uhlobo lomoba	Onganiselwa (D) or Enkaseni (I)	Ukukhula kunesomiso	Ukuhluma emva kwesomiso
N21	D	kuhle	kuhle
N31	D	kuhle	kuhle
N33	D	kuhle	kuhle
N39	D	kuhle	kuhle
N27	D	kuhle	kuphakathi nendawo
N12	D	kuphakathi kuya kokuhle	kuhle
N17	D&I	kuphakathi kuya kokuhle	kuphakathi nendawo
N41	D	kuphakathi kuya kokuhle	kuphakathi nendawo
N16	I	kuphakathi nendawo	kuhle
N23	I	kuphakathi nendawo	kuphakathi nendawo
N25	I	kuphakathi nendawo	kuphakathi nendawo

***Ukwazi ngezinye izinhlobo zomoba, thintana nomeluleki wakho

Ukufaka umanyolo

Emobeni ohlahlekile

- Faka umanyolo uma uwuhlahlile wawuyisa emshinini
- Uphathe njengehlumela elisha
- Sebenzisa isikhuthaza esinconyiwe usifake uma izimvula seziqalile

Emobeni ongashayelwanga phansi, obungenangozi ye Eldana:

- Awudingi ukufakwa isikhuthaza kodwa esihlabathini, faka ingxenye yesikhuthaza ebesinconyiwe.

Emobeni owashayelwa phansi

- Uphathe njengehlumela elisha
- Sebenzisa isikhuthaza esinconyiwe usifake uma izimvula seziqalile.

Imililo yequbula

Abalimi kumele baqaphele loku

- Umoba owomile usha kalula
- Umlilo ungasabalala kalula nangokushesha emobeni owomile
- Hlahla umoba oshayekile khona kuzovuleka izivimba-mlilo
- Enza ngakokonke okusemandleni ukuvimbela ukusabalala komlilo.

Ukuphathwa komoba omfishane

Ukwakha isitaki

- Shiya ithophisi elijana ukuze ube nogoqo olujana
- Hlanganisa izingoqo engathi uyazithandanisa esitakini
- Sebenzisa amaketanga athe xaxa ukubopha lesitaki
- Ungayisi izingoqo ezilula esigayweni
- Hambisa umoba esigayweni ngokukhulu ukushesha.



Isimoba esishaywe isomiso, umoba omfishane (ongaphezu kuka 50 cm ngobude) uhlahliwe wayiswa emshinini.

UMBIKO NGOQEQESHO NESIPILIYONI ESITHOLWE UMELULEKI WOMNYANGO WEZOLIMO OHAMBENI LWAKHE LWAPHESHEYA KWEZILWANDLE EREUNION ISLAND



Isithombe esathwathwa phesheya eReunion Island kuvakashelwe amasimu abalimi bakhona.

Ngu: William Gillespie

Okunye okulindelekile kumeluleki wezolimo embonini kaShukela ukwabelana noma ukucobelelana nabalimi ngesipiliyoni nolwazi aluzuzile lapho esuke ekade evakashele khona. Ngokujwayelekile, abalimi bodwana abanalo ithuba lokucobelelana bona bodwana ngesipiliyoni sabo, ngaleyondlelake umeluleki ogcina esedlala lendima.

Ukuze kufezuke lenhloso yokucobelelana, kudinga ukuba umeluleki abe nokuxhumana okunzulu nabalimi bakhe. Ukubaluleka kwalokhu kulele ekutheni, ulwazi ngezindlela zokukhiqiza umoba olusetshenziswa ezimbonini zikaShukela phesheya kwezilwandle luyasiza kakhulu ekuletheni noma ekutholeni izixazululo ezinkingeni zabalimi basembonini yethu eMzansi Afrika.

Izimo zokulima ikakhulukazi kubalimi abalima-ngokuncane eNingizimu Afrika ziyefana nalezo zabalimi base Reunion Island phesheya kwezilwandle. Ngaleyondlela ziningi izinselelo noma izinkinga ezifanayo abeluleki bakulamazwe womabili ababhekana nazo. Kungalombonoke okwenza ukuthi uMnu Stephen Mthiyane abe nohambo oluya phesheya kwezilwandle eReunion ngokomsebenzi.

Ziyishumi izinsuku ezachithwa kulelizwe laphesheya okwakuhlanganisa ukuvakashelwa kwamapulazi abalimi bomoba kanye nokuhanjelwa kwemihlangano yabalimi ndawonye nabeluleki bakhona. Kuloluhambo, kwatholakala ukuthi kunokodwa okugqamile okwenziwa kulelizwe futhi okwenziwayo naseNingizimu Afrika, loko okuyizibonelo zomoba. Kuningike ukuhlomula okwatholakala njengalokhu okulandelayo:

Okokuqala, umeluleki wase Mzansi Afrika wathola ithuba lokuqala ngqempilweni yakhe lokuzuza ulwazi ngesipiliyoni ngezimo zokukhiqiza umoba ezahlukile embonini kaShukela esondelene kakhulu nezimo zaseMzansi Afrika.


Okwesibili, kwaba nokubona ukuthi abalimi bakulelizwe bathatha isinyathelo esiya phambili ekukhiqizeni umoba ngaphansi kwezimo zokukhiqiza nezezulu ezifanayo. Lolulwazi ngesipiliyoni kubaluleke kakhulu esimweni saseMzansi Afrika ngoba kukhomba

ukuthi zohlale zitholakala izixazululo ezinkingeni imboni kaShukela yase Mzansi Afrika ebhekene nazo.

Okwesithathu, loku kwenze uMnu Mthiyane wakwazi ukubuya azokwabelana nabanye ngakufundile kulelizwe laphesheya, nangomdlandla nokuzinikela ana-ko emsebenzini wakhe wokweluleka emzansi Afrika.

Ngokufingqiwe, uMnu Mthiyane uthi "kulezinsuku eziyisikhombisa, ngafunda amakhono amaningi abalulekile engizokwazi ukuwasebenzisa ekufukuleni abalimi bomoba abalima-ngokuncane nokwenza umehluko ezimpilweni zabo endaweni engisebenzela kuyo. Loluhambo lwaphinde futhi lwakhombisa uMnu Mthiyane ukuthi angaziqhenya kakhulu ngokuba yingxenye yabeluleki eMzansi Afrika abazinikele ekuthuthukiseni abalimi bendawo ukuze bathole isivuno esithe xaxa futhi kunyuke izinga lokuphila kwabo.

Loluhambo lwaluhlelwe ngokubambisana phakathi kwesikhungo socwaningo lwezomoba esise Mandaskomu (SASRI) kanye neKolishi leZolimo (LEGTA) eliphesheya e Reunion Island. Lobudlelwano bokusebenzisana phakathi kwalezinhlangano sebuneminyaka eminingi kwaqala kanti futhi sekuholele ekutheni kube nokuvakashelana phakathi kochwepheshe nabeluleki bakwaSASRI kanye nabafundisi bakuleli kolishi kulamazwe noma lezimboni zombili. Lobudlelwano buxhaswe iRegional Council yakulelizwe lase-Reunion.



Esandleni sesinxele, uMnu Stephen Mthiyane ongumeluleki wezolimo abelana ngolwazi aluzuze phesheya nomlimi wendawo.



Ngq: Bongani Phewa (SASRI) no Samke Vilakazi (DAEARD)

IBA NOLWAZI NGEZI-NHLELO ZENHLANGANO KASHUKELA (SASA) KUBALIMI NASEMPHAKATHINI

Esithombeni esingenhla abalimi nabafundi bakwa-Zubane nabakwa-Maqumbi kwa-Maphumulo abebethakasele izinkulumo abebethulelwa izivakashi zakwa-Shukela eMandaskomu osukwini lokudlulisela ulwazi ngenhlangano kaShukela.

Labalimi kanye nabafundi abebethamele lezinkulumo, bebethathekile impela ngokuzwa izinto ezahlukahlukene inhlangano kaShukela yase-Mzansi Afrika (SASA) esiza futhi exhasa ngazo emiphakathini eyahlukahlukene, abebengazi ngazo kanti nabo bangasizakala noma bahlomule kuzo noma ngazo.

Lezinsuku zazihlelwe ngokubambisana phakathi komeluleki woMnyango we-Zolimo u Samke Vilakazi kanye nowakwa-SASRI u Bongani Phewa kanti futhi inhlangano i World Vision yakwa-Maphumulo yayihlinzeke ngokuya ngasethunjini kulezinsuku.

Izivakashi zakwa-Shukela ezazicobelela abalimi ngolwazi zaziqhamuka kuloluphiko olulandelayo ngaphansi kwe-Nhlangano kaShukela:

- uMthombo Agricultural Finance,
- Shukela Training Centre – kweZolimo,
- Shukela Training Centre – kwezeZimboni kanye
- nolweZindaba zanga-Phandle kwa-SASA

Inhloso enkulu yalolusuku kwaku-wukuqwashisa abalimi ngezinhlelo inhlangano kaShukela enazo ukuze nabo bazi ngazo futhi bakwazi ukusizala noma bahlomule kuzo.

u **Sheila Radebe** owayemele u**Mthombo**, wageqa amagula echazela abalimi ngendlela osebenza ngayo uMthombo mayelana nokubanjwa, ukugcinwa kanye nokukhishwa kwezimali zabalimi.

Wachaza kabanzi kulokhu:

Ukubanjwa kwemali ngethani lomoba ngokohlelo luka Gcinelwa (Retention Fund) ngenhloso yokunakekela ihlumela nokutshala kabusha, imigudu nemibandela elandelwayo uma umlimi esedinga izimali zakhe, ubungako benzalo etholwa umlimi ngemali yakhe egcinwe kwa-Mthombo, nokunye.

Okunye okwagqamayo ukuthi uMthombo awusabolekisi nhlobo ngemali kodwa

ususebenza ngohlelo lokugcinela abalimi izimali zabo zokunakekela ihlumela nezokutshala kabusha.

Ngobuningi bemibuzo eyaqhamuka ngaphansi kwalenkulumo, kwacaca ngokusobala ukuthi abalimi bebengenalo ulwazi olunzulu futhi bengakhanyiselekile ngokusebenza koMthombo ngokucacile. Loku kwasiza kakhulu ukushitsha indlela abalimi abebebuka futhi becabanga ngayo ngo Mthombo njengoba, ngokweqiniso, abalimi abaningi bebengamfuni futhi bengamethembi uMthombo kodwa manje loku sekushintshile sebeyaqonda ngokungcwele ukuthi uMthombo uwusizo olukhulu kubo futhi yonke into uyenza ngokuthembeka.

Ngasophikweni lwaka-**Shukela Training Centre** ohlangothini lwe**Zolimo**, u**Senzo Nene** beno **Boniso Ndiweni** bethulela abalimi izifundo ezinhlobonhlobo ezingenziwa abalimi ukuze bacijike kangcono ebhizinisini labo lokukhiqiza umoba.

Uma unguMlimi, kubalulekile ukuthola uqeqesho oluyilo ukuze ukwazi ukuphatha ibhizinisi lakho leZolimo ngokuyiko ngaleyondlela umkhiqizo wakho uyo-nyuka uthole inzuzo enhle ekugcineni njengoba sazi ukuthi ulwazi luyathuthuka ngasosonke isikhathi, ngaleyondlela umlimi kufanele ahambisane nolwazi olusha, futhi sikhumbule akekho umuntu owazi yonke into!

Ezinye zezifundo abakwa Shukela Training Centre - kweZolimo ababazisa abalimi ngazo, yilezi ezilandelayo:

- Ukunakekela ugandaganda
- Ukufakwa kukamanyolo
- Ukunisela
- Ukusetshenziswa kesigubhu sokuchela Izibulala-khula (bona esithombeni esisesandleni sokudla)
- Ezokuphepha nezempilo epulazini
- Ukuphathwa KweBhizinisi
- Ukushayelwa kwesilenge (crane)
- Ukusethwa noma ukuqondiswa kwegeja likagandaganda
- Usizo lokuqala (First Aid)
- Usizo lokufundela ukushayela ugandaganda nemoto
- Nezinye eziningi

Ngale kokukhiqizwa komoba, kunezinye izinto ezidingakalayo ekuqhubeni ibhizinisi lakho lomoba odinga ukuzazi nokukwazi ukuzenza njengomlimi ukuze ukwazi ukuzimela ungagcini ngasosonke isikhathi uqasha umuntu ozokwenzela ngisho izinto ezincane noma ezilula nawe obungazenzela zona, loku kuyasiza kakhulu ekunciphiseni izindleko zepulazi lakho.

Abophiko lweze-**Zimboni kwa-Shukela Training Centre**, ngomlomo ka **Tab Khambule**, nabo bachazela futhi bakhanyisela abalimi ngalolusuku ngemikhakha yoqeqesho abalimi abangaluthola noma izingane zabo ukuze bakwazi ukuzimela ebhizinisini lokukhiqiza umoba ezindaweni zabo.

Loluqeqesho luthinta lemikhakha elandelayo, neminye:

- Ukukhanda nokunakekela imoto no Gandaganda (umakhenika)
- Ukusebenza ngama-payipi
- Ukushisela
- Ugesi (ukufaka nokusebenza ngezintambo endlini nasemotweni)
- Ukusebenza ngeziqandisi (amafiliji).

Lonke Loluqeqesho olubalwe ngenhla, luyadingeka epulazini ngakhoke uma unguMlimi uyadinga ukuthola uqeqesho kulemikhakha.

Ukuphothula usuku, u **Nathi Kunene** no **Thandeka Mazibuko** bophiko lwezangaphandle kwa-**Shukela (External Affairs)**, babe sebethulula okusemgodleni wabo phela bazisa abalimi ngentuthuko eyenziwa u SASA emphakathini eyahlukahlukene eMbonini ka-Shukela jikelele.

Ezinhlelweni zabakwa-Shukela zentuthuko, mithathu imikhakha okwagqama ukuthi bazibandakanye kuyo okuyile:

- Ukubamba iqhaza emphakathini
- Isikhwama sokuthuthukisa abalimi (GDA)
- Isikhwama semfundo (SITFE)

Ekubambeni iqhaza emphakathini, babalula lezinhlelo abanazo:

- Uhlelo lwezeMpilo nezeNhlalakahle
- Uhlelo lokunikela ngoshukela
- Uhlelo lwemisebenzi noma lwama-Projethi akhethekile
- Uhlelo lwezoBuciko namaSiko

Mayelana nesikhwama sokuthuthukisa abalimi, baveza loku okulandelayo lesikhwama esisebenza kuko:

- Ukutshalwa kwemibhede noma kweziNkulisa-mbewu zomoba kubalimi abansudu abalima ngokuncane.
- Uqeqesho lwabaLIMI abalima ngokuncane

Kanti ngasohlangothini lwesikhwama semfundo, baveza lezinhlelo abanazo:

- Imifundaze
- Izinkulisa
- Ukuthuthukiswa kwezikole jikelele
- Ukusungulwa kwezizinda zolwazi ezikoleni.

Lezinsuku zokudlulisela ulwazi kubalimi, okwakungu mhlaka 14 ku Ntulikazi eMaqumbi nangomhlaka 10 ku Ncwaba kwaZubane futhi zithanyelwe abalimi kunye nabafundi abangu 160 sebebonke, zabayimpumelelo enkulu njengoba abalimi babhema bakholwa futhi namanje abawuvali umlomo ngolwazi abaluthola abalubona bezohlomula kakhulu ngalo ekuqhubezeleni phambili intuthuko yabo. Ngokujabula futhi okuhlangene nokuphatheka kabana ngakolunye uhlangothi, abalimi babuza ukuthi babengaziswa ngani ngalezinhlelo sonke lesikhathi njengoba sebezwa ngazo manje sebegugile noma seliyoshona.

Nanike ningazibambezeleli futhi ningazisoli, njengoba senazi ngalezinhlelo memani abakwa-Shukela ukuba bazonichazela kabanzi ngazo bese niqala nenza uhlelo lokuba nani nisizakale kulezinhlelo lingakashoni ilanga.



Abasebenzi basepulazini befundiswa abakwa Shukela Training Centre ukuchela izibulala-khula.



AMASU SEMQOKA

Ngu: Bongani Phewa

Isivuno esihle, umkhiqizo nokuzuza kwesikhathi eside kuncike kakhulu ekutheni yonke imisebenzi noma izinto okumele uzenze epulazini lakho uzenza ngendlela okuyiyo nangesikhathi okuyiso

Ekukhiqizweni komoba, yonke into noma imisebenzi inesikhathi esithize okumele yenziwe ngaso ukuze isitshalo sisimame kahle futhi kube nemiphumela ethokozisayo. Ukungalandeli lezincome kungaholela ekutholeni isivuno esiphansi kunaleso ebesilindelekile.

Ngakhoke, ukuze isitshalo sihlomule ngokugcwele kokwenziwe futhi sisimame, qinisekisa ukuthi ulandela lezincome ezilandelayo ngendlela nangezikhathi ezibekiwe ngokwezinyanga:

Ngo-Mandulo (September)

- Uma izimvula seziqalile, qala ukutshala kwakho ukuze isitshalo sakho sithole konke ukufudumala nemvula yasehlobo ngokugcwele. Qinisekisa ukuthi uma utshala kabusha noma uvuselela, umoba omdala obuwofuthu ngophoyizeni wokuwubulala, ufe kahle ngaphambi kokutshala ukuqinisekisa ukuthi awabikhona ama-volontiya. Umswakamo ubaluleke kakhulu ngenkathi kutshalwa ngakhoke vula izisele zakho utshale ngokushesha bese ugqiba futhi ngokushesha ungaze ulahleke umswakamo.



Umoba otshalwa ngesikhathi esifanele nembewu ehloliwe.

Khumbula ukusebenzisa imbewu ehloliwe ngabakwa P&D uma utshala ukugwema izifo nokungamili kahle kwembewu okudala izikhala ensimini. Tshala uhlobo lomoba oluhambelana nesimo sendawo yakho, umeluleki uyokukusiza ekukhetheni lolohlobo. Sebenzisa uhlobo lukamanyolo ngokwezincome zemiphumela yesampula lomhlabathi wakho ngabakwa FAS, eMandaskomu. Faka imithi eyizinqanda-khula noma evimba ukhula lungamili ngokushesha nje emva kokugqiba imbewu.

- Faka izibulala-khula kanye nesikhuthaza ehulumeleni lakho uma izimvula sezikhona. Izibulala-khula ezivimba ukhula isikhathi eside, izo ezinconywa kakhulu ngalesikhathi.

Ngo-Mfumu (October)

- Hlola amasimu akho njalo kanye ngesonto ngalesikhathi ukuze wenze kahle uhlelo lwakho lokubulala noma lokulwa nokhula.



Umlimi, ngokubambisana nabeluleki, kuhlolwa isimo sokhula emasimini Otimati.

Ngo-Lwezi (November)

- Qinisekisa ukuthi ukhula oluwutshani oluyinkinga uyalubulala lungakakhiphi iziqu noma amalungu njengo babe, njl.
- Ezindaweni ezinesifo u Mabalabala (mosaic) kumele kube sekuyaphothulwa ukutshala ngalenyanga.

Ngo-Zibandlela (December)

- Lesi isikhathi esifanele sokuthi uhlahle uhambise emshinini umoba wakho ohlaselwe isihlava i eldana. Leli ithuba lakho lokugcina ukuhlahla lomoba ngaphambi kokuba umshini uvale. Loku kuyoqinisekisa ukuthi isimoba sakho asicekelwa phansi isihlava ngesikhathi isigayo noma umshini usavaliwe.
- Qinisekisa ukuthi amasimu ahlanzekile awanakhula ngaphambi kokuba abasebenzi bakho baye eholidini lika Khisimusi.

- Qala ukudweba noma ukwakha izinhlelo zakho zomsebenzi zangonyaka ozayo ukuze kuthi kuqala unyaka ube sewazi futhi usuhlelile ukuthi yini okumele yenziwe futhi nini
- Phothula ukutshala kwakho ngaphambi kwamaholide ka Khisimusi ukuze isitshalo sakho sikwazi ukusebenzisa ihlobo lonke ngaleyondlela umoba usheshe ufake amalungu futhi usheshe umboze. Ukutshala ekuqaleni konyaka kusuka ku Masingana (January) asikuncomi lakungenankasa khona ngoba umoba otshalwe ngalesikhathi awuqhumi noma awumili kahle bese kuba nezikhala kanti futhi awumbozi kahle bese loko kukunika inkinga yokhula ubusika bonke.



Ubabe oselukhule ngokweqile, kunzima ukubulala.



Insimu ehlanzeke ngokuncomekayo, engenakhula.